# *Izikhumbuzo ZikaNkulunkulu Ezihlolisisiswe Isikhathi Eside*

Futhi ushwibe nje lokho kuzungeze, udabule iBhayibheli, indlela esi . . . usuthathe iNcwadi yeSambulo, neNcwadi ka-Eksodusi noGenesise. Futhi manje ngiza ekhaya ukuba ngizozingela izingwejeje. Ngubuqotho. Yilokho nje kuphela okukhona kukho, ukuba qotho nje. Futhi, Mfowethu Roy, uhamba nini na? [UMfowethu Roy uthi, "Kusasa."—Umhl.] Kusasa. Kulungile. Ngakho-ke siyathanda ukuya ekhaya ngalesi sikhathi sonyaka, ngakho-ke, kunguku, sifuna ukuphumula.

2 Ngehle ngamaphawodi angamashumi amabili selokhu ngikubonile. Ngifike ezikalini, ngenkathi ngisuka kulomhlangano, bengisinda ikhulu namashumi ayisithupha nanhlanu; futhi ngabuyela emuva, ngasinda ikhulu namashumi amane nanhlanu. Ngakho-ke, ngizwa sengathi izimpahla zami ziqathakela phansi. Ngakho-ke, ngehle ngenqwaba yesisindo.

3 Futhi elinye inenekazi, namhlanje, liyaphuma, udade othandekayo, uthe, "Mfowethu Branham, ngikhulekele ukuthi ngehle, nami." [UMfowethu Branham uyahleka—Umhl.]

4 Futhi lona lilinyancana ohlangothini olunamandla, ngakho-ke ngilitshelile, "Woza nje, hamba, ushumayele kanzima impela." Ngakho-ke, lokho kuthi akube yikho konke engikwaziyo, impela kuzokwehlisela phansi. Kodwa, masinyane siyoqeda ngezinkathazo nezivivinyo.

5 Bengicabanga ngokuguga. Niyazi, eminye iminyaka emibili, ngizoba namashumi amahlanu. Whewu! Ngiyakhumbula ngenkathi uFrankie Weber efakile. Uneminyaka ethi ayibe mibili ubudala kunami. Ufake ikota yomnikelo wakhe wosuku lokuzalwa, lapha. Futhi ngiqhunsule iso lami, ngase ngicabanga, "He, Frankie Weber, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ikota yekhulu!" Sekunguhhafu manje. Akuthathi isikhathi eside, kuyasithatha na? Kuyaqhubeka ngqo nje.

6 Angeke sihlale isikhathi eside. Namhlanje ekuseni nje, ngenkathi umfowethu othandekayo ubeletha lowomlayezo omangalisayo kakhulu, ngineqiniso sonke siwuthokozele. Futhi kwenzekile ngacabanga ngokuthile ngenkathi eshumayela, emuva lapho, futhi ngicabangile, "Mhlawumbe iNkosi ingahle inginike umBhalo ngalokho." Ngibe naye ukuba afunde okunye kulobubusuku eZwini likaNkulunkulu elibusisiwe. Futhi manje ngi . . . imizuzu embalwa nje yokukhuluma, bese kuthi-ke sizokhulekela abagulayo, njengokwejwayelekile.

7 Futhi ngoLwesithathu ebusuku, ngalolu Lwesithathu oluzayo ebusuku, uma iNkosi ivuma, ngizothanda ukuqala eNcwadini yamaHeberu, uma kulungile. Futhi iNcwadi yamaHeberu, okwesifundo. Bese kuthi-ke, mhlawumbe, ngeSonto ekuseni noma ngeSonto ebusuku, ngiyiqhube. Bese kuthi-ke ngobusuku bangoLwesithathu obulandelayo, mhlawumbe ngiphinde ngiyicoshe futhi, ngilokhu nje ngiqhubeka nokuzungezisa lokho, emBhalweni.

8 Futhi kunezinto ezithile engiziqaphelile ebandleni, njengoba ngihamba nje ngedlula, engicabanga ukuthi bekufanele kufundiswe kancanyana, niyazi, izinto ezibonakala zithamba ziyaphansi kancane. Futhi ngicabanga ukuthi besingakucosha lapho kumaHeberu. Yisi—yisahluko esihle kakhulu, indawo enhle kakhulu ukuyifunda. Manje, uMfowethu Neville . . . ngangizo . . . Lokho kufika emqondweni wami, ngehla.

9 Futhi ngineTestamente eLisha nje lapha, futhi ngifunda kwiCollins Bible, ukubhalwa kukhudlwana. Ngine . . . Emuva kokuba sengicishe ngibe namashumi amahlanu, ngifanele ngiliqhelisele kude kakhulu ukusuka kimi, ukufunda lokho okubhalwe kwakuncane impela; ngukukhanya okubi, noma kanjani. Futhi ngiphumela ekukhanyeni kwelanga futhi ngibe ngisalokhu ngikufunda. Kodwa lapho ukukhanya kuba kubana kancanyana, ngifanele ngiliphushe liqhele. Futhi udokotela ungitshele ukuthi masinyane bengizoba nezibuko zokufunda.

Futhi ngambuza, "Amehlo ami belilibi na?"

10 Futhi wawahlola. Wathi, "Qhabo. Ishumi-shumi, lokho kuhle kakhulu. Amashumi amabili-amashumi amabili ajwayelekile, futhi—futhi ishumi nanhlanu-ishumi nanhlanu lingcono." Futhi ishumi-shumi, ngukuthi, yilokho kuphela abengakufunda. Ngakho-ke bengingafunda noma kuphi lapho efuna khona, ebangeni. Ukhipha okuthile, futhi ngaqala ukukufunda. Ngenkathi esondela kakhudlwana, ngangilokhu nginensa futhi nginensa. Ngama lapho sekufike cishe *kokungaka*. Wathi, "O, ya, usudlulile emashumini amane."

Ngase ngithi, "Ya."

11 Wathi, "Awu, ngokwemvelo, izinhlamvu zamehlo akho ziba yizicaba." Wathi, "Manje, uma uphila enhle, impilo ende, uzothola ukubona kwakho kwesibili, ngiyethemba. Yilapho ungaphinde ufunde khona futhi."

12 Kodwa, niyazi, bengicabanga nje, lokho akusekude kakhulu, kulokho. Isikhashana nje. Mfowethu Tony, lokho kubi, akunjalo na? [UMfowethu Tony uthi, "Qhabo."—Umhl.] Qhabo, akunjalo. Kuyinto ebusisekile. Sengiyaguga, ngenye indlela, futhi ngibamusha kwenye, ngoba ngiya kulowo omusha, ongafi, umzimba obusisiwe, lapho, mfowethu, akuyikubabikho lutho olungalungile Lapho. Futhi nje ngiphilela lesosikhathi. Lokho kuzoba kuhle.

13 Manje, ngaphambi kokuba ngifunde indikimba yokugcina yokuvala, iZwi nje kuYe sisakhothamisa amakhanda ethu.

14 Siyakholwa, Nkulunkulu Somandla, ukuthi Uhlose ukuthi abantwana baKho bajabule. Akuhloselwe ukuthi thina sihwaqabale futhi sibe lusizi, ngokuba kulotshiwe, ukuthi, "Inhliziyo ethokozayo yenza kahle njengomuthi." Futhi siyathanda ukujabulela izibusiso zaKho nokuba nalenhlanganyelo enkulu ndawonye. Futhi njengoba si . . .

15 Njengamakholwa eZwini laKho, sihlanganyela ngaseZwini. Yilokho esikuzele lapha, akusikho nje ukuzwa uMlayezo, kodwa ukukhonza nokuhlanganyela naWe, ngokufundwa nokushunyayelwa kweZwi. Manje, Nkosi, Wena awusoze usidumaze. Ngineqiniso Uzosibusisa kulamahora.

16 Busisa umelusi wethu odumileyo nolungileyo, Nkosi. Siyakhuleka ukuthi Uzoba naye. Futhi njengoba ngimqaphelile namhlanje, ekushumayeleni kwakhe, nokumbona lapho emamatheka ngenkathi ecule leloculo, "Masinyane ngiyobe sengiqedile ngezinkathazo nezivivinyo." Futhi labodade, nokuthi balicule kanjani ngokuzungeza indlwana eyakhiwe ngezingodo nemihlangano yokukhempa. Futhi kuzoqedwa, ngolunye lwalezizinsuku, futhi khona-ke uya kulokho kuPhumula okukhazimulayo.

17 Manje, Baba, sibusise njengoba sifunda iZwi laKho, futhi siLifundile, futhi sivuselele izingqondo zethu nezinhliziyo. Futhi khuluma nathi, kulobubusuku. Futhi lapho inkonzo isiphelile, futhi siqala ukuya emakhaya ethu, kwangathi singathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini ngaphakathi kithi lapho Ekhuluma nathi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

18 Manje ngomlayezo omuhle kangaka ngempela wobuvangeli njengoba sibenawo kulokhu ukusa, futhi bengicabanga, ukuthi, niyazi, uMfowethu Neville ubekhuluma ngokondla ngokweqile abantwana. Okungukuthi, ungakwenza. Kodwa manje, kulobubusuku, sithi ukukhuluma kancane senzele ibandla. Lokhu nje ukukhuluma okuncane ukwenzela ibandla. Futhi ngifisa ukufunda . . . enye ingxenye yomBhalo, eTestamenteni eLisha, uMathewu isahluko 24, nevesi lama 35, uJesu ekhuluma.

> *Kuyakudlula* amazulu *nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.*

19 Indaba yami kulobubusuku i—izikhumbuzo: *Izikhumbuzo ZikaNkulunkulu Ezihlolisiswe Isikhathi Eside.*

20 Futhi nginezimemezelo ezimbalwa. Ngiyakholwa ngisenzile, okwe . . . futhi abanye lapha aba . . . mayelana nomhlangano ukuqala ngawo amaHeberu, isahluko 1, ngoLwesithathu ebusuku, uma iNkosi ithanda. Isizathu ngifanele ngikubalule, lokho, njengokuthi, imihlangano yami, ngingaba sendaweni

eyodwa, futhi Uzongibiza kwenye. Ngifanele ngihambe njengoba Ebiza, niyazi.

21 Yingalesosizathu ngingeke ngibe njengoMfowethu Oral Roberts nalabobafo abahlela imihlangano yabo iminyaka emibili noma emithathu ngaphambili, futhi, "Siyoba lapho," nalawamadoda amakhulu anokukholwa okukhuluphele. Ba—ba—banomyalezo wabo.

22 Kodwa uMlayezo wami ungukuthi nje noma kuphi lapho uNkulunkulu ethumela khona, noma ngabe kulapha, lapho, noma ngabe kukuphi. Ngifanele ngihambe nje lapho Engithuma khona. Futhi yizinkonzo ezimbili ezehlukeneyo; kuphela, uNkulunkulu ofanayo, yena kanye uNkulunkulu ofanayo.

23 Bengicabanga, izolo, ekukhulumeni nomfana wami ongumakhelwane. Futhi uthe, "Uyazi, umelusi othile omncane," uthe, "ungumfo omangalisayo kakhulu." Uthe, "Unkosikazi nami besihleli sigqoke amapijama ethu," wayesethi, "cishe ngeleshumi nanye nqo ebusuku, futhi uyafika ngapha futhi ungqongqotha emnyango. Uthe, 'Ngiyafika nje ngapha ukuba ngibe nenkomishi yekhofi nani.'" Niyabo? Futhi uthe, "Unqamula weqa umgwaqo, waya komunye umakhelwane, futhi bese belindele cishe ukuyolala, futhi udle ikhekhe ngaleya. Futhi nje. . . " Futhi khona-ke uthe, "Ube—ubeneBhayibheli sikole esincane sabantwanyana, futhi wayenabantwanyana abancane abaningi kakhulu lapho, yena nomkakhe, baze badingeka bamise amathende ngaphandle, ukuhlalisa abantwana."

24 Futhi ngibuyele emuva, ngacabanga, "Uyazi, kunjalo. Lowo, lowo ngu—lowo ngumfo omncane omangalisayo." Futhi ngiyakholwa, uMfowethu Fleeman lapha, ngikholwa ukuthi umfana wakhe ukhonza eFaith Lutheran Church phezulu lapha, indoda encane emangalisayo nomkayo, benza umsebenzi omuhle kakhulu weNkosi. Futhi ngicabangile. Bengifanele ngigeze imoto yami, futhi ngi—ngidumazekile. Ngicabangile, "Kungani ngingenakukwenza lokho, niyabo, ngijikeleza, ngithola bonke abantwanyana, bengilandela na? Ngiyabathanda abantwanyana. Futhi kungani ngingagxumi kusukela endlini kuye endlini, kusukela ensikeni kuye esigxotsheni, kanjalo na?"

25 Futhi Okuthile kuvele kwathi kimi, "Awubizelwanga lokho. Wenza lokho nje uNkulunkulu amtshele khona."

26 Kodwa sizofanele sibe nomuntu ovelele lapha, njengo-Oral Roberts nabo, uJoshuwa onenkemba, noMlayezo wokukholwa nokukhululwa. Futhi, niyabo, sifanele sibe nalabo abangaba ne. . .lolohlobo, futhi oyedwa angaba na*lokhu*, kodwa konke nje kuhamba ndawonye ukwenza ubunye obubodwa obukhulu. Lelo iBandla likaNkulunkulu.

27 Ngikhuluma emizuzwaneni embalwa edlule nenekazi, lidumele futhi lephuke inhliziyo. Futhi bengizama ukulitshela ngokuthi kanjani ukuthi—ukuthi owesifazane nowesilisa

abehlukanisiwe, bangumuntu ofanayo. Umuntu wenza . . . uNkulunkulu wenza umuntu, bobabili owesilisa nowesifazane; wayeyindoda. Kunjalo. Futhi Wabehlukanisa enyameni futhi wabenzela umehluko, kodwa wabahlanganisa ndawonye nokukhulisa abantwana babo, njengoyedwa. Futhi ngakho-ke owesilisa, okhuluphele netiyela, futhi owesifazane uyi—yi—yingxenye yothando yowesilisa. Ngakho-ke, bandawonye. Lokho ngu . . . uNkulunkulu wabehlukanisa. Kodwa bobabili babengumuntu ofanayo impela, o w-e-s-i-l-i-s-a. Futhi owesifazane ubizwa ngokuthi owesi-fazane, kunjalo, ngoba wathathwa kowesilisa. Uyingxenye yowesilisa. Kodwa e—empilweni lapha, enyameni, babehlukanisiwe. Emoyeni, bamunye.

28 Futhi ubekhuluma ngamadoda elahlekelwa uthando lwawo ngenxa lomkabo, futhi bengabathandi njengoba babenza ngenkathi babeseyizithandwa. Ngiyanidabukela. Ufanele ukwenze. Uyisithandwa sakho njalo. Ngokoqobo. Leyo yingxenye afanele abe yiyo. Futhi ufanele umphathe kanjalo. O, ungalokothi uvumele leloholide labasand'ukushada elincane liphele, ngoba alizukuya, eZulwini. Lizoba ngeliphelele nje, Lapho. Kunjalo. Ngakho-ke konke . . .

29 Awu, kubukeka sengathi abanye besifazane bebefanele bathi "amen" kulokho. Ningalokothi—lokhothi nivumele ngizwe, "Uhlala njalo uklabalasela abesifazane ngaphandle, futhi ukhuluma kanjalo." Dadewethu Hickerson, kungani ungashongo okuthize, noma omunye emuva lapho, uthi . . .? Ukwenzile na? [UDadewethu Cox uthi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga, Dadewethu Cox. Lokho kuhle kakhulu. Mfowethu Cox, lokho ngokwakho, noma ngabe ukuphi manje. Kulungile. Yebo, mnumzane.

30 Futhi asifanele sikhohlwe ukuhloniphana. Hlalani njalo niyizithandwa. Ningakuvumeli kuphele.

31 Umfana oyiKatolika ufika kimi, kungekudala. Unkosikazi wakhe wayehlukanisa. Wathi, "Billy, ngiyakuzonda ukuza kuwe; ngiyiKatolika, futhi wena uyiProtestane." Wathi, "Umpristi ungixoshile ekhaya lami, esikhashaneni esedlule."

Futhi ngathi, "Kwenzenjani, Ham na?"

32 Wathi, "Awu, wangitshela." Wathi, "Ngiyaphuza kancane," futhi wathi, "ebusuku, ngisebenza kanzima." Wathi, "Umkami ucabanga ukuthi ngifanele ngingene njalo ebusuku futhi ngimange, futhi sigonane, futhi senze njengoba sasilungiselela ukushada." Wathi, "Sishadile futhi sinenqwaba yabantwana." Futhi wathi, "Thina, leso yisikhathi . . . "

33 Ngathi, "Wo, awume kancane, mfana. Unephutha. Unephutha. Lokho kuyefana njengoba kwakunjalo ngaphambi kokuba nishade. Niyabo? Ufanele ukukhumbule njalo."

Ngathi, “Useneminyaka engamashumi amane manje ubudala, esikhathini lapho ekudinga khona ngempela ukunaka kwakho.”

34 Ngakho-ke, babenenkantolo yesehlukaniso. Futhi wathi, “Angazi ukuthi ngizokwenzenjani.”

35 Ngathi, “Hamba, umbize. Uma bengingaphumela phandle lapho, njengeProtestane, ubengeke angemukele. Kodwa ngi . . . Niyabo?”

Wathi, “O, uyakuthanda.”

36 Futhi ngathi, “Lokho, hamba nje umbize, umtshele ukuthi usuwuguqulile umqondo wakho.”

37 Futhi ngakho-ke ngosuku olulandelayo, ngangishayele umahluleli ucingo futhi ngakhuluma naye. Futhi ngatshela lomfana, ngathi, “Ngizobe ngihlezi phansi ngqo ngaphansi kwephansi lendlu lapho umahluleli ezobe ekuhlokoza khona. Ngizobe ngikukhulekela. Ungamtsheli ngakho.”

“Kulungile.”

38 Ngakho-ke, ngangisezansi lapho, ngikhuleka. Ngemuva kwesikhashana ngezwa ukuqoqoza okuncane kwehla ngesitebhisi, futhi nampa beza, begaxene, konke nje ukumamatheka, niyazi. Wathi . . . Ngathi, “Awu, sanibona, lapho!”

39 Futhi owesilisa wathi, “Mfowethu Branham, sekube yisikhathi esithile selokhu ngakubona!” Ya, imizuzu engamashumi amathathu, niyabo. “Isikhathi esithile lokhu ngakubona!”

40 Futhi owesifazane wathi, “Ngani, Mfu. Branham, angikubonanga isikhathi eside! Ngiyajabula ukukubona futhi!”

41 Ngathi, “Ngiyabonga. Ngani,” ngathi, “nibukeka sengathi beniyizithandwa.”

“O,” wathi, “besenza kahle nje. Besingenjalo s’thandwa na?”

Owesifazane wathi, “Yebo, sinjalo, s’thandwa.” Futhi mina . . . Wathi, “Phuma uzosibona ngesinye isikhathi, Mfundisi ohloniphekile.”

42 Futhi ngathi, “Ngiyabonga, kakhulu.” Ngathi, “Nihambe kahle, nina!” Bahamba bedlula, umfana omdala waphenduka futhi wavayizelisa emuva, *kanjalo*. Konke kwenzeka. Kunjalo.

43 Uthando lunqoba yonke into. Kunjalo, thanda nje—nje. Ungaba nazo zonke izibonakaliso zenu nobufakazi obubonakalayo, kodwa nje nginike uthando. Lokho—lokho kuyakuxazulula, kimi. O, he!

Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho eliligugu
Alisoze laphela amandla aLo,
Lize lithi lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe
Lisindiswe, ukuba lingabe lisona. (Niyabo?)

Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona lowomfudlana
Okhishwa yizilonda zaKho ezigobhozayo,
Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

Kulungile. O, kuyamangalisa!

44 Manje, izikhumbuzo ezihlolisiswe isikhathi eside! Lapho engithole khona lomqondo kulokhu ukusa, ubuvela emlayezweni wethu wesikole sangeSonto, umlayezo wokuvangela, lapho umfowethu ekhuluma ngo-Eliya. Lapho ayefuna uku. . . Lo abafana, izikole zabaprofethi, ukuthi babefuna kanjani ukwakha uhlobo oluthile lwesikole esikhulu. Futhi kuyafika emqondweni wami, futhi bengicabanga ngemicabango ye “zikhumbuzo.”

45 Manje, isikhumbuzo siyi—yinto enkulukazi. Siyazithokozela izikhumbuzo. Futhi abantu abaningi, kulokhu ukuphila, bazamile ukushiya emuva kwabo uhlobo oluthile lwesikhumbuzo. Cishe bonke abantu bayathanda ukwenza lokho. Babeke endaweni yabo yamathuna, umaka omkhulu. Kulungile. Impela. Ngiyakuthokozela lokho. Lokho—lokho kulungile. Futhi-ke abaningi bazama ukwakha amathempelana amakhulu.

46 Isikhumbuzo esisodwa engingathanda ukubhekisela kuso manje, sise-Ohio, futhi kwakukhona umphikinkolo. Ngiyalikhohlwa igama lakhe. Nginesithombe ndawo ndawo lapho ezintweni zami eziqoqelwe ndawonye ekhaya. Lapho, wayephikisana ngokugxilile nobuKristu, waze wafuna ukwakhelwa isikhumbuzo, emuva kokufa kwakhe, nonyawo lwakhe eBhayibhelini, ekhomba phansi *kanjalo*, futhi ethi, “Sukani kwizinkoleloze zezenkolo, futhi phezulu ngesayensi yesimanje.” Futhi lapho efa, wathi, “Uma benginephutha, izinyoka zizohuquzela ziphume ethuneni lami.” Futhi lapho efa, babesasusa umhlabathi ngeshofolo ethuneni futhi babulala izinyoka ezinkulu ezimbili noma ezintathu. Futhi namhlanje, kuleyo ndawo yamathuna, umfundisi uthathe isithombe maduzane nje futhi wasiletha ukuzongikhombisa, futhi kulenga ngaphezulu kwamaketango azungeze indawo yakhe. . . Indawo yamathuna yindawo enhle, kodwa indunduma yakhe ayilutho kodwa isiduli senyoka. Futhi akukhathaleki, ngisho nasenkwindla noma ebusika, izinyoka zisahuquzela

ethuneni lakhe. Isikhumbuzo! Nkulunkulu ungangivumeli ngibe nesikhumbuzo esinjengaleso, noma ngubani kini.

Ngakho-ke kunezikhumbuzo, noma kunjalo, izikhumbuzo ezinkulu.

47 Ngicabanga ngoJoshuwa, iqhawe elinamandla. Wayeyindoda enkulu kangakanani, eyathatha izikhali zikaMose, njengomholi walezizigidi ezimbili zamaJuda. UMose engokhethiwe, obizelwe ngaphandle, ehlukaniselwe inkonzo. Futhi uJoshuwa, ukungena futhi athathe leyondawo yendoda, impela kwakuyinto enkulu ukukwenza, ukugcwalisa izicathulo zalomprofethi. Iqhawe elinamandla, elabizwa, lamiselwa ngaphambili futhi lagcotshwa nguNkulunkulu. Eminyakeni engamakhulu amane ngaphambi kokuba ake eze, uNkulunkulu wathi UYobakhulula futhi UYobavakashela. Futhi iqhawe elinje uMose ayeyilo pho!

48 Akekho umuntu owake wathatha izicathulo zikaMose, ukuzigcwalisa, kwaze kwathi uJesu Kristu wayengakwenza. Futhi wathi, yena uqobo, "INkosi uNkulunkulu wakho uyakuvusa uMprofethi phakathi kwenu, onjengami nami. Kuyakufezeka, uma ningayikuzwa lo Mprofethi, noma ngubani ongeke ezwe lo Mprofethi uyakunqunywa." Kulungile.

Manje, lesisikhumbuzo esikhulu.

49 Futhi uJoshuwa wayehlele emfuleni. Futhi emva kokufa kukaMose, uJoshuwa wathatha indawo yakhe. Futhi uNkulunkulu wayenoJoshuwa. Futhi wathi, "Manje zingcweliseni, niwashe izingubo zenu, futhi nahlukanise, futhi ningayi komkenu. Futhi ngosuku lwesithathu, uNkulunkulu uzokwenza okuthile." O, ngi . . .

50 Ngobunye balobubusuku, izinkonzo zangeSonto, ngifuna ukushumayela ngalokho "usuku lwesithathu," futhi nginikhombise ukuthi yimaphi amandla akuzo, lezo ezintathu. Ngikushilo lokhu namhlanje ekuseni, emkhulekweni; wonke umuntu wayenezinto ezintathu, nokuphathelene nomoya kweBhayibheli.

51 "Manje, ngosuku lwesithathu nizobona inkazimulo kaNkulunkulu." Manje kuyahamba . . . kwakhombisa ukuthi wayazi ngokuyikho lokho ayekhuluma ngakho, ngoba washo ncamashi isikhathi okwakuzokwenza ngaso. Futhi sengiyabona ukuthi uJoshuwa wazizwa kanjani, ngenkathi wathi qekelele lapho phambi kwawo wonke lawo ma-Israyeli. Manje, izwi lakhe lifanele libe yiqiniso. Futhi kwakukhona iJordani elikhukhumalayo.

52 Niyabo, isimilo sendoda saziwa ngemisebenzi yayo. Noma ngabe yini oyiyo, imisebenzi yakho ifakazisa lokho oyikho. Kungenandaba ukuthi ufakaza kangakanani, noma ngabe yini oyishoyo, isizathu esimelayo noma esiphikisayo, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Imisebenzi yakho isho

oyikho, isho oyikho ngaphakathi. Wonke umsebenzi owenzayo, ubonakalisa oyikho.

53 Futhi nina bosomabhizinisi, uma nje nenza umsebenzi wokucacamezela, niyabona ukuthi ngichaza ukuthini, umsebenzi nje onguhhafu, ungakwenzi lokho. Uma ungeke ukwenze kahle, ungakwenzi nhlobo. Kunjalo.

54 Uma uza kuKristu, uma ungeke wathengisa ngokuphelele, uvale, ufake, futhi ungene ngendlela esheshayo, futhi uze kuKristu, ungezi nhlobo. Kodwa uma ufuna ngempela ukuba ngumKristu, vela. Kwenze ngempela. Yilokho uNkulunkulu afuna ube yikho. Futhi lokho kuzo—lokho kuzofakazisa, imisebenzi yakho izofakaza ukuthi isimilo sakho siyini. Isimilo sakho saziwa ngemisebenzi oyenzayo.

55 Futhi uJoshuwa, manje, izwi lakhe lalisengozini; yebo, mnumzane, njengoba nje—njengoNowa wasendulo. Kodwa uJoshuwa ufanele awelele ngaphesheya kwalomfula. Futhi kubukeka sengathi wakhetha isikhathi esibi kunazo zonke esasingake sicatshangwe. Kwakuyinyanga ka-Ephreli. Futhi kungenkathi lapho iqhwa lincibilika eJudiya, futhi lehla ngezintaba, futhi iJordani elidala linodaka, futhi lisakazeke lathi ngqu langena e—emasimini, ukunisela amasimu aseJordani. Futhi kubukeka sengathi, ukube bekungokwezibalo, noma—noma ngokwemfundo, noma ngokwesayensi, wa—wakhetha isikhathi esibi kunazo zonke kuwo wonke unyaka ukuwela iJordani. Kodwa uNkulunkulu uyathanda ukuthatha lolohlobo lwezikhathi ukufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu.

56 Futhi amadoda kaNkulunkulu, akholwa nguNkulunkulu futhi ayakwazi uNkulunkulu akuthembisile, ayesabi ukukwenza, ngoba uNkulunkulu uzonamathela eZwini laKhe, ngokuqinisekile impela njengoba EnguNkulunkulu.

57 Futhi ngenkathi ethi, "Okokuqala, thatha umkhumbi uye phambili." Futhi ngenkathi lezozinyawo zabapristi zithinte leloJordani, kungenandaba ukuthi lalinolaka kanjani, nokuthi lalikhukhumala kanjani, lanikeza indlela eZwini laPhakade likaNkulunkulu, ngokuba iZwi lalisemphongolweni. UJesu wathi, manje, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula." Ngakho, uJoshuwa, azi ukuthi izwi lakhe lifanele liphumule phezu kweZwi likaNkulunkulu, futhi wabeka iZwi likaNkulunkulu kuqala.

58 Ngifisa sengathi nina bantu abagulayo lapha kulobubusuku beningenza lokho, nibeke iZwi likaNkulunkulu ngokuvuma kwenu. Bekani ukuvuma kwenu, kukholweni futhi nikubeke phandle lapho; futhi nibize lezozinto, ezingekho, ngokungathi zazikhona. Khona-ke siyamasha siyaqhubeka. Kwenzeni ngaleyondlela. IZwi likaNkulunkulu lizokuthatha ledlule.

59 Futhi lapho izinyawo zabapristi zithinte iJordani, lavele lagingqika lahlehla, kusukela ohlangothini kuye ohlangothini. Futhi amanzi ahlala.

60 Niyaqonda na? Ukubhonga kwalowomfula kwakuyoletha ngaphambili ugu lapho, esikhathini esiyimizuzu engamashumi amabili, bekungaba kukhulu njenga—njengamanye alamadamu amakhulu esimanje esinawo, neDamu iColorado Boulder phandle lapho. Indlela iJordani elikhukhula ngayo lapho, liphuma ezintabeni, ngamandla amakhulu, futhi likhukhula kulezozigodi.

61 Futhi lapho abantu abahamba ngonyawo abayizigidi ezimbili, kanye nabesifazane nabantwana, umthamo lapho, mhlawumpe kwakuthathe amahora amane noma amahlanu, noma ngaphezulu. Futhi nicabangani na? Lowomfula wawungagcwala. Kodwa, uNkulunkulu wabamba umfudlana. Amen. O, ngiyakuthanda lokho. Wabamba imifudlana! Futhi walala lapho baze bedlula ngaphezulu.

62 Khona-ke uNkulunkulu wathi kuJoshuwa, "Sifuna ukwenza isikhumbuzo kulokhu. Phumela lapho futhi uthumele umIsrayeli ngamunye, oyedwa esizweni, futhi bacoshe amatshe ayishumi nambili bese benza isikhumbuzo. Futhi lesisikhumbuzo siyoba ngukuthi uma abantwana benu bedlula ngalendlela, bayobuza, 'Yini eyabangela lawamatshe abe lapha na?' Futhi uyobaxoxela indaba yokuthi uNkulunkulu walibamba kanjani iJordani." Leso yisikhumbuzo esimangalisayo. Ngeliny'ilanga ngethemba ukububuka kulawomatshe, esikhathini esiseduze esizayo, salapho emi khona namanje njengesikhumbuzo. Kodwa-ke ngicabanga nge—ngesinye isikhumbuzo . . . Kwakuyisikhumbuzo esikhulu esibusisiwe kanjani pho!

63 Khona-ke ngicabanga ngesinye isikhumbuzo, ngeliny'ilanga, ngenkathi owesifazane wayenze ukukhetha okungalungile. Wanquma ukungahlali phezulu emathafeni ayeniseleka kahle e—e, noma, ehlala emathafeni aniseleka kahle aseSodoma neGomora, futhi abe nobudlelwane futhi aphile njengoba bonke abesifazane wayenjalo ngalezozinsuku.

64 Akathathanga ukukhetha okuhle, njengoSara owahlala phezulu emazweni awugwadule. Kuphela, wagcina iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakhe. Futhi wayelalela futhi ethandeka kumyeni wakhe, ngangokuthi wambiza nge "nkosi" yakhe. Futhi yilapho uNkulunkulu ehla khona neziNgelosi ezimbili futhi wabavakashela ethendeni.

65 Kodwa, uNkk. Loti, waba ngowezwe kakhulu futhi wayethathwe yizinto zezwe. Futhi isifundo esinjena kithi, namhlanje, ukuthi singaba nomqondo wezwe kakhulu. Futhi ngiqinisekile impela, namhlanje, ukuthi ibandla, lilonke, liba nomqondo wezwe kakhulu. Manje, mhlawumbe, uNkk. Loti wayengaqondile ukwenza lokho, ngenkathi ehambe wehlela

lapho. Wacabanga, "Ngizoba nobudlelwane nje." Kulungile ukuba nobudlelwane, kodwa ungathathi imikhuba yezwe.

66 Uma uhamba, hamba njengoShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego, noDaniyeli. Banquma ezinhliziyweni zabo ukuthi ngeke bazingcolise, kungenandaba ukuthi yini ezayo noma ehambile. Kungenandaba noma ngabe lonke ibandla lihlubukile, kwenzekani, banquma enhliziyweni yabo. Futhi bayisikhumbuzo namhlanje.

67 Futhi uNkk. Loti umele isikhumbuzo. Futhi ngenkathi uNkulunkulu emnika umlayezo wakhe wokugcina womusa, ngenkathi Ethumela lezoziNgelosi ezansi lapho futhi zabatshela ukuthi phakathi kwamahora ambalwa ukuthi iSodoma neGomora lalizoshiswa, nokho, wayengeke awumele umcabango wokuyeka impilo yakhe wenhlaliswano, ukuphuma angene ogwadule, futhi ahlale njengoba uSara ahlala phandle lapho ogwadule, futhi ufanele agqoke ezejwayelekile, izingubo ezingenalutho zowesifazane osobala. Wayefuna ukuba sekutamaseni. Umyeni wakhe wayesebe umuntu omkhulu edolobheni. Uhlala esangweni, njengomahluleli noma njengemeya yedolobha. Futhi wayefuna lokhu kutamasa. Futhi wayengenakuwumela umcabango wokuyekela lezozinto. Futhi lapho ehambe nomyeni wakhe, baphuma emzini, wayelokhu ebheke emuva, ekhala izinyembezi futhi edabukile ngoba wayefanele awushiye, ukuzehlukanisa asuke kulolohlobo lokufa.

68 UJesu wathi, "Obeka isandla sakhe egejeni, bese eqala ukuba aphenduke abheke emuva, akakufanele ukulima ngegeja." Hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo na? Lowo obeka isandla sakhe egejeni, futhi ngisho anga—angaphendukeli emuva, kodwa aphenduke nje ukuba abheke emuva, akakufanele ngisho ukulima ngegeja. O, sifanele sigcine amehlo ethu nezinhliziyo kube yinto eyodwa. Akunandaba ukuthi abanye abantu benzani, ukuthi ibandla lenzani, ukuthi umakhelwane wenzani, ukuthi omunye umuntu wenzani, gcina inhliziyo yakho imaphakathi neKalvari. Ungalokothi ume ukuba ubuke emuva. Asinaso isikhathi sokubuka emuva.

69 Futhi lona wesifazane, ngoba wakwenza, uNkulunkulu wanikeza isikhumbuzo kubo bonke abantu ababuka emuva, emva kokuba bake bemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo. Waphenduka waba yinsika kasawoti. Futhi umile lapho kuze kube namuhla, singabonakala emasimini, ukuthi owesifazane umile lapho ikhanda lakhe liphendukile, ebuka emuva. Futhi ubuka emuva ngaphezu kwehlombe lakhe lesobunxele, ukubuka emuva emasimini. Inhliziyo yakhe yayisemuva lapho. Nokho, waphoqwa, njengoba kwakunjalo, ukwenza lokhu.

70 Futhi abantu abaningi bathatha uKristu ngaleyondlela, namhlanje, ngoba baphume ezweni, bezwa sengathi baphoqelekile ukukwenza. Futhi bayaqhubeka nokulangazelela nokukhanuka, futhi akukude baze babuyele. Futhi bayi—yizikhumbuzo ezesabekayo zomusa kaNkulunkulu, zothando lukaNkulunkulu njengoba lukhonjisiwe kubo. Manje, izikhumbuzo!

71 Manje, ngezinsuku zikaJesu, emhlabeni, amaJuda ayakhe ithempeli njengesikhumbuzo. Futhi ayekhombise uJesu ukuthi lalakhiwe kahle kanjani lelothempeli. Futhi Wathi . . . Kwathatha iminyaka engamashumi amane ukwakha ithempeli; cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili, isiyonke. Iminyaka engamashumi amane, babesika bekhipha amatshe ezingxenyeni ezahlukene zezwe. Iminyaka engamashumi amane ekwakheni, hhayi ukubhuza kwesaha noma umsindo wesando.

72 Kodwa, niyazi, ngisho uJesu wathi lapho, "Ningakubuki lokhu, ngokuba Ngithi kini, ukuthi kuyofika isikhathi lapho kungeke kube khona itshe elilodwa eliseleyo phezu kwelinye, itshe elilodwa phezu kwelinye."

73 Ngaphambi nje, Washo lamaZwi amakhulu ayisikhumbuzo, "Kodlula amazulu nomhlaba, amathempeli azodlula, izikhumbuzo zizodlula, kodwa iZwi laMi liyisikhumbuzo esingunaphakade."

74 Umphongolo ubolile, eminyakeni edlule. Amathuna abaprofethi awele phakathi. Futhi zonke izikhumbuzo ezehlukene sesibolile, nesikhathi sokuba nezimvu ezimhlophe hhu, sigugule itshe. Kodwa iZwi likaNkulunkulu lihlala nje lifana, lihle kuze kube phakade naphakade. Njengoba nje liphilile futhi lilisha kulobubusuku, kwabakholwayo balolusuku, njengoba Lalinjalo ezinsukwini Elakhulunywa ngazo.

75 Akumangalisi, u-Eliya, kulokhukusa, kowethu u . . . umlayezo umfowethu asinike wona. Lapho babefuna ukwakha isikole esikhulu sabaprofethi, njengesikhumbuzo, kodwa u-Eliya wakhetha into engcono, isimangaliso sikaNkulunkulu ukuvuswa kwethuluzi eliwile futhi lenziwe libhukude emanzini. KwakuyiZwi leNkosi.

76 Futhi ungcono kakhulu yena, kulobubusuku, ozokwemukela iZwi leNkosi, enhliziyweni yakhe, kube yisikhumbuzo, kunalabo abazozama ukugxumeka isikhumbuzo esithile esikhulu.

77 Kungekudala, lapho ngizwa, ngenkathi ngangise-Itali, ngezwa ngoMussolini, nalesosithombe esiqoshiwe esikhulu esiphakeme ngamafidi angamashumi amane-nokuthile, leso asakha njengesikhumbuzo kwezemidlalo yokusubatha, njengoba wayengumsubathi. Futhi bengifuna ukuthola lesosikhumbuzo. Futhi, niyazi, sashaywa kanzima

saba yimpuphu ngebhomu elikhulu elingabhidliza ibhilidi iblokhibhasta.

78 Ngama, cishe emibili, iminyaka emithathu edlule, endaweni lapho ofaro baseGibhithe babevuse amathempelana amakhulu nezithixo. Futhi mina . . . Bangitshela ukuthi ubuzofanele umbe amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba, ukuthola ngisho umhlabathi lapho lezozikhumbuzo zama khona.

79 Ngama lapho uKesari Augusta, lapho oHerode futhi omkhulu waseRoma. Futhi ngaya emgwaqeni, nalapho ayejwayele ukwehla khona ngomgwaqo ephuma esigodlweni, futhi sekuthi akube amafidi angamashumi amabili nanhlanu ngaphansi komhlaba. Lezozikhumbuzo azisekho.

80 Kodwa leloZwi eliphilayo likaNkulunkulu lisalokhu limi linjalo nje futhi linenani nje. Leso yisikhumbuzo.

81 Ngakho-ke ngithi, namhlanje, mfowethu, izinto ozenzayo, amazwi owashoyo, ukuthi umphatha kanjani umakhelwane wakho, nokuthi wenzani ngoKristu, kuzoba yisikhumbuzo esingunaphakade. Ungahle ube nekhaya elihle ukulishiyela abantwana bakho. Ungahle ukuba usebenza umsebenzi othola ngawo impilo ethize, ukuze ulishiyele abantwana bakho. Kodwa ngingaqoka ukubashiyela iZwi likaNkulunkulu kunanoma yini enye. Lezozindlu zizobhubha. Kulungile ngokuphelele, lokho kuhle. Angimelene ngalutho nakho. Kodwa ungenzi lezozinto ezincane futhi ushiya izinto ezinkulu zingenziwe, uyabona. Ngoba, iZwi lizo . . . Indlu izobhubha, nabantu bazobhubha nayo. Kodwa iZwi likaNkulunkulu lizobavusa ezinsukwini zokugcina, futhi libanike okuPhakade nokuPhila okungayikufa futhi. Futhi, manje, ukuze wenze ifa elinjengaleli, iZwi laPhakade likaNkulunkulu!

82 Ngicabanga ngaleliculo elidala esasivamise ukulicula lapha, eminyakeni eyedlule:

> Isikhathi sigcwele ukuguqulwa okusheshayo,
> Akukho lutho okomhlaba okunganyakazisiwe okuyakuma,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
>
> Nxa uhambo lwethu seluphelile,
> Uma kukuNkulunkulu sibeqotho,
> Elihle nelikhazimulayo ikhaya lethu eNkazimulweni,
> Umphefumulo wethu owethabile uyakulibona.

83 Kungcono kangakanani ukubuka ngaphandle, ebusweni belanga eliyoshona, lapho imithambo yakho iphola emzimbeni wakho, lapho abantwana bakho bemile bezungeze umbhede, ukwazi ukuthi unesikhumbuzo esakhiwe, ukuthi, “S’thandwa,

ngeliny'ilanga ubabayi uyohlangana nawe ngakolunye uhlangothi!" Ngingaqoka ukuba nalokho.

84 Ngenkathi udokotela ethi, "Billy, akusekho okunye ongenzelwa khona."

85 Futhi ngibona abantwanyana bami, futhi ngibanga ngibavalelisa. Ngithi, "Kodwa ubabayi akafi. Uya ekuphumuleni, eNdaweni. 'Ngokuba uma lelitabernakele lasemhlabeni lidilizwa, nginalo vele elilindile.'" Isikhumbuzo esinjena pho ukusikhuluma ngesibindi! Ngingaqoka ukwenza lokho, ebusweni babantwana bami, kunokuba ngithi, "S'thandwa, nginamadola ayizigidi ku *leli*bhange, nesigidi ngapha ku*leli*, sakho." Ngingaqoka ukushiya lobobufakazi.

> Ngokwehlukana, sikushiya emva kwethu
> Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;
>
> Amanyathelo ezinyawo, ukuthi mhlawumbe omunye,
> Egwedla olwandlekazi olunzima lwempilo,
> Ngomfowethu obhungukile nohlakazwe ngumkhumbi,
> Ebona, uyoba nesibindi futhi.

Ngokoqobo! Bashiyele izikhumbuzo, ubufakazi benu.

86 Ngicabanga kanjani, kulobubusuku, ngekhehla lilele ngaleya, emahoreni alo okugcina alempilo, ngabizwa ngeliny'ilanga futhi babefuna ngishumayele emngcwabeni walo; eTabernakele likaPaul Rader. Lowo ngumngane wami omuhle, uF. F. Bosworth, ongcwele omesabayo uNkulunkulu ukuba ayohlangana noMenzi wakhe. Futhi wathi, "Lesi yisikhathi sami esijabulisayo kunazo zonke empilweni yami, Mfowethu Branham." Wathi, "Ngijabule kakhulu ukwazi ukuthi ngizohlangana naYe, kul'khuni ukuthi ngilale ebusuku."

87 Ngizwile uNkk. Aimee McPherson; kungesikho ukungamnaki, owesifazane omangalisayo. Ngibona omaka ku*lokhu* na*lokho*. Ngibona omaka bakaSmith Wigglesworth noDkt. Price, nabaningi balawo madoda amakhulu, kodwa akukho nowodwa umaka engike ngezwa noma ngubani ewusho ngoF. F. Bosworth. Nkulunkulu, ukuphela kwami makube njalo, isikhumbuzo somusa weNkosi uJesu Kristu!

88 Ngicabanga ngo E. Howard Cadle phezulu lapha, esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi wayelele enqamule kwiphansi lendlu, njengesilwane esidakiwe, futhi i—nezimpukane zibhuza emlonyeni wakhe. Futhi umama wakhe othandekayo omdala ezansi ngaleya wayekhulekile futhi wakholwa, futhi wabambelela kuNkulunkulu, ngenxa yomfana wakhe owayeyisidakwa. Lapho, ngenkathi eshiya umhlaba, washiya ubufakazi nesikhumbuzo somusa kaNkulunkulu uSomandla

lokho okwanele. Lapho iZwi likaNkulunkulu libekwe kuYe, ngomkhuleko, uNkulunkulu uzofanele aphendule ngalokho.

89 UNkulunkulu wakha iBandla njengesikhumbuzo, isikhumbuzo somhlatshelo waKhe. UKristu akazange eze emhlabeni ukuzofela ize. Ukufa kwaKhe angeke kube yize. "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Uma abantu bengeke baLiphile, uma bengeke baLithathe futhi, ngaphansi komcabango, futhi baqonde ukuthi yisipho esikhulu kangakanani uNkulunkulu abanike sona, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe. Qiniso Uzokwenza! Futhi uma ngicabanga ngalokho, futhi ngicabange ngenani elikhulu Ayezodingeka alikhokhe! Manje kuhle . . .

90 Wonke umuntu ufuna yonke into mahhala, ufuna konke . . . Leyo yindlela yaseMelika yokuphila namuhla. Ukuthola yonke into ongayithola ngalutho. Mfowethu, awutholi lutho olubiza noma yini, ngalutho. Uyakhokha ngalokho okutholayo. Kunjalo. Uzofanele ukukhokhele, futhi kuyathandeka.

91 Nensindiso yakho iyathandeka, kuNkulunkulu. Ibiza iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukunikeza ukuPhila okuPhakade kuwo wonke umuntu futhi imenze ajabule, kulobubusuku, futhi aphilele izinto ezifanelwe ukuphilelwa. Hhayi ukushiya into ethile kubantwana bethu; hhayi ifa ukuba lishiywe, okukhulu kunensindiso yeNkosi yethu uJesu. Impela, akunjalo.

92 Manje, amanani amakhulu likhokhiwe. Isikhathi sokuhlolwa sifanele sifike. Izikhumbuzo ezihlolisiswe isikhathi eside. Futhi isikhumbuzo kuphela esake sahlolwa kahle, kube yiZwi likaNkulunkulu. O, abaphikinkolo uzamile ukuLicima. Benze konke abebengakwenza, kodwa aLisoze ledlula. ALisoze lehluleka.

93 U-Abrahama, ngenkathi emukela lesosikhumbuzo sikaNkulunkulu, "Uzoba nengane ngalowo wesifazane, uSara." Iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, wakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakhe, futhi waphika noma yini ephambene naso, ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu uyoligcina iZwi laKhe.

94 Abaphikinkolo, namhlanje, bayasukuma futhi bazame ukubhixa iBhayibheli. Ngaphambi kokuba ubungalimisa iBhayibheli, uzofanele umise isikhathi ngaphambi kokuba ukwenze. Wonke umhlaba ongakholelwa kuNkulunkulu, bonke abantu abangakholelwa kuNkulunkulu, bonke abantu abangamakhomanisi, futhi noma ngabe bayini, wonke okaBuda, wonke owamaJain, wonke okaMohamede, uzofanele afakazele ukuzalwa kweNkosi uJesu Kristu, nsuku zonke. Awu, ngaso sonke isikhathi lapho usayina incwadi, amen, ngaso sonke isikhathi lapho ubhala usuku, uyafakaza ukuthi uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe, eminyakeni

engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye namashumi amahlanu nesikhombisa edlule. Mfowethu, ubungeke ukwenze. Angeke kubenjalo. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze adlula."

95 Esikhathini esithile esedlule, ngangiseNew York, ngaphumela esiqhingini esincane, ngaya eStatue of Liberyt esasinikezwe i. . . nguhulumeni waseFrance, kwi-United States, eminyakeni eminingi edlule. Futhi esandleni kukhona ukukhanya kwethoshi. Sakhuphukela kuleyongalo. Kukhona iwindi lapho. Futhi lapho lokhu kukhanya okukhulu kwakukhanya khona, ngaqaphela phansi ngasohlangothini kwakuyisigejane semizwilili, futhi yonke yayifile, ilele eceleni. Ngathi kumholi, "Iyini leyomzwilili na? Ngabe ibulawe ngugesi na?"

96 Wathi, "Qhabo, mnumzane. Besingakaze siyicoshe kulokhu ukusa namanje." Wathi, "Izolo ebusuku bekunesiphepho, isiphepho esikhulu siyafika sinqamula itheku lapha."

Ngathi, "Yebo, mnumzane. Ngiyakwazi lokho."

97 Wathi, "Abafo abancane babambeke esiphephweni." Futhi wathi, "Lapho bengena kulokhu kukhanya, bazame ukushaya ukukhanya bakucime. Uyabo? Bavele bazishayisa engilazini futhi bashaya." Futhi wathi, "Esikhundleni sokusebenzisa ukukhanya ukuze baye ekuphepheni, bazamile ukushaya ukukhanya bakucime."

98 Futhi khona-ke ukuphefumulelwa kwangishaya. Kunjalo. Abesilisa nabesifazane abazama ukushaya bacime ukuKhanya kukaNkulunkulu, bazishaya ubuchopho babo buphume. Futhi, ukuKhanya, kungani bengaKusebenzisi ukuya ekuphepheni, esikhundleni sokushaya ubuchopho bakho buphume na? Bayazama futhi bayaLiphika, bese bethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ayikho insindiso ezwakala enhliziyweni, lezizinto." Bazishayisa nje esigxotsheni. Uma nje bekwenza, iBandla elikhulu likaNkulunkulu liqhubekela phambili nangaphezulu, kanzima nje njengoba lingakwenza. Abantu bayasukuma futhi bazisho ukuthi bayi*lokhu*, na*lokho*, futhi bahluleke, kanjalo njalo. Kodwa iBandla likaNkulunkulu liqhubekela phambili, neZwi likaNkulunkulu liqhubekela phambili. Lenziwe ngohlobo olufanele lwempahla.

99 Kungekudala, ezansi e-Australia, i-Australia enkulu engaphansi komqhele waseBrithani, ifana neNingizimu Afrika, ngapheseya nje kwendlela eya e-Australia. Ezansi eSydney, kunedolobha elikhulu elizungeze itheku lapho, uMfowethu Beeler mhlawumpe wazi kakhulu ngalo kunoma bengingazi. Noma kunjalo, babefuna ibhuloho ukulakha, ukugxamalaza kwebhuloho okusuka—okusuka eNorth Sydney kuya eSouth Sydney. Babiza ezweni lonke, ukuthola

abadwebi bamaplani ezindlu, abakhi bebhuloho, ukuba behle ukuzokwakha lelibhuloho. Akekho kubo owayengakuthatha. Akekho onesibindi ukukuthatha. Kwathi nje bangafika lapho, bathola ukuthi ingaphansi lwalololwandle lwaluyisihlabathi esigudlukayo. Kwakuyizihlabathi ezisheshayo, futhi akukho lutho olwalungama. Futhi bahlola futhi bazama ukuthola imibono yomunye umuntu, futhi baqhubeka. Bathi, "Qhabo, besingeke ngisho sethembise ukuzama ukwakha ibhuloho elinjalo. Angeke kwenziwe."

100 Emva kwesikhashana, umdwebi wamaplani ezindlu osemusha ovela enhla eNgilandi wehla, indoda edumile, indoda enedumela, yayinodumo oluhle.

101 O, ngiyakuthanda lokho! Ngiyayithanda indoda enodumo. O, awudingekile ukuba ube ngumuntu omkhulu. Ungaba ngumfokazana ohlala emhumeni, futhi ube nodumo olungcono kakhulu kunenkosi enamandla. Impela. Awudingi ukuba ube ngocebile. Ungabanalo nje udumo. Kumemezela, udumo lwakho nokuthi ungubani, kukwenza ube yilokho oyikho. Kukunika udumo lwakho. Futhi waziwa ngodumo lwakho.

102 Le ndoda yehlela lapho nodumo olumangalisayo. Yabukisisa isimo. Yahamba ezingwini izinsuku ezimbalwa. Yakufunda. Yahlola. Yathola imibono yomunye umuntu. Yaqalaza. Emuva kwesikhashana, yaya emeyeni, yathi, "Ngizowuthatha umsebenzi."

"Ngani," yathi, "mnumzane, uyazi ukuthi yini oyithathayo na?"

Yathi, "Ngiqonda kahle hle."

103 Yathi, "Awu, lo mdwebi wamaplani ezindlu omkhulu . . . Abadwebi bamaplani ezindlu baseMelika nabadwebi bamaplani ezindlu abavela ezweni lonke, abakhi bamabhuloho, uzile lapha, futhi bayawesaba umsebenzi."

104 Wathi, "Kodwa, mnumzane, angiwesabi umsebenzi. Ngizowuthatha." Wathi, "Ngiyaqonda ukuthi nginodumo lomhlaba wonke, njengomakhi webhuloho; kodwa ngizosekela udumo lwami, ngoba ngingalakha." O, wayenombono! Ngaphambi kokuba umuntu enze udumo, uzofanele abe nombono walokho akwenzayo.

105 O, mayibongwe iNkosi! Yingalesosizathu ukuthi kuneZulu ukuya kulo. Yingalesosizathu singaba nodumo njengomKristu, siyazi ukuthi mpahla-ni yokwakha ekulesi sakhiwo. Kunjalo. YiGazi likaJesu Kristu likulesi sakhiwo. Kunjalo. IGazi laKhe elinamabala lihlanze zonke izono. Wangithatha emihumeni yesihogo futhi wangenza inceku yaKhe. Khona-ke, ngiyakholelwa kuYe. Ngakho-ke, ngedlulile ekufeni ngaya ekuPhileni. Futhi lonke ikholwa likwenzile lokho, ngenxa yokuthi banokuzethemba futhi bayakholelwa kuloMakhi omkhulu, naloMdwebi wamaplani ezindlu omkhulu.

106 Manje, ngenkathi indoda ikwenza, into yokuqala eyayenza, ukuqiniseka ukuthi yayiqinisile, yehlela ezansi lapho. Futhi yathi, "Manje, ngaphambi kokuba siqale lelibhuloho, sizofanele siye esisekelweni esiqinile. Sizofanele sihambe." Yayazi ukuthi phansi ngaphansi kwaleso sihlabathi, isifuba somhlaba sasilapho, okwakuyidwala eliqinile. Yini eyayenza ngaphandle kokuthola amaphampu amakhulukazi na? Futhi yangena phakathi lapho futhi yabeka amashubhu amakhulu phansi, futhi yashaya kanzima izihlabathi ezigudlukayo, ngalamaphampu, yaze yasishaya kanzima sayothi ngqu phansi edwaleni eliqinile. Ngenkathi eselifikise edwaleni, wabambelelisa okwehange lamabhawodi amakhulukazi phakathi lapho, walilungiselela. Futhi washaya kanzima wakhipha ngasinye.

107 Futhi khona-ke waya ngaphezulu futhi wathola, ngakuye, abadwebi bamaplani ezindlu abahle ukubedlula bonke ayengabathola, ososayensi ababedlula bonke, ithuluzi eledlula onke. Wathumela futhi wathola insimbi yebhuloho lakhe. Lapho esekwenzile, wayengeke abeke uphisi owodwa wensimbi, hhayi ngisho ibhawodi elilodwa, kwaze kwahlolwa ngokwesayensi; ukubona ukuthi kwakukhona noma yikuphi ukushaywa kanzima kukho, ukubona ukuthi kwakukhona noma yiziphi izimbobo ezincane zomoya lapho, eshambu lokubumba insimbi, lapho bayenza khona futhi bayibumba, ukubona ukuthi yayihlolwe kahle yini. O, isikhumbuzo esinje—esinje okuyoba yiso, uma . . . odumweni lwakhe njengomakhi webhuloho.

108 Uma aya kuleyonkathazo engako, ukuqiniseka ukuthi ibhuloho lalizoba ngeliphephile, ucabanga ukuthi uNkulunkulu waya enkathazweni engakanani, ukuqiniseka ukuthi leliBandla lizophepha na? Yebo, mnumzane. Kunesikhumbuzo ekufeni kukaKristu, leso yiBandla laKhe. Abanye abantu abafuni ukusiphila, abanye abantu bayothanda. Kodwa, yisikhathi sokuhlola. UNkulunkulu uhlola abantu, namhlanje, enzela izikhumbuzo zaKhe.

Izikhathi eziningi, abantu bathi, "O, ngilingwe kakhulu!"

109 Malibongwe iGama leNkosi, ngenxa yezilingo! "Uma ngibuthakathaka, khona-ke nginamandla," kwasho uPawulu. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu, ifanele kuqala ivivinywe futhi ihlolwe." Futhi lokhu kuhlolwa kumnandi kakhudlwana kuwe, futhi kuthandeka kakhudlwana kuwe, kunegolide eliyigugu. Yisikhathi sokuhlola.

110 Eminyakeni emide eyadlule, ngaphambi kokuba babenezincibikalisi, babevamise ukuthatha igolide . . . Nokuthi babeyokwazi kanjani ukuthi lalilungile noma qhabo, nokuthi lonke udaka luphumile kulo, wonke umtapo okhipha insimbi yensimbi (lelo yigolide lesiwula), bonke ubuwula babuphumile kulo, ba . . . Abashayi babelishaya, futhi balishaye futhi

baliphendule, futhi balishaye futhi baliphendule, kuze kuthi umshayi abone ukubonakaliswa kwakhe—kwakhe egolideni.

111 Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo iBandla laKhe. Ukunikeza ukuvivinywa emuva kokuvivinywa, ukuhlolwa emva kokuhlolwa, ukuvivinywa emva kokuvivinywa, ukuhlolwa emva kokuhlolwa, kuze kube ukuPhila kukaKristu kubonakaliswa empilweni yakho; uze ube nokuthula, ukuzotha, ubumnene, ububele, ukuzithoba, ukuzilungiselela, ukuthobela, ukuvuma, ukuphendula ikhanda lakho ezintweni zezwe, nokubuka ngqo eKalvari, kuLowo Owenza ukushaya. Izikhathi eziningi ucabanga ukuthi kuyisimangaliso ngoba izivivinyo zomlilo, ukugula, nokuhlushwa. Kwenzelwa kuphela ukukuhlola, ukukhipha ukungcola kuwe, ukukhipha udaka kuwe, ukukhipha ubudenga kuwe, ukukuvusa uye endaweni lapho ungabuka khona futhi ubone ukubonakaliswa, noma umuntu angabona ukubonakaliswa kukaKristu kuwe, "uKristu kuwe, ithemba leNkazimulo."

112 Wahlola wonke uphisi. Ekugcineni, yena . . . Ngaphambi kokuba afake ibhawodi, wakuhlola. Wahlola yonke into.

113 Khona-ke lapho esethole konke kwenziwe, manje, abahleki abahleka usulu bama eceleni bathi, "Angeke libambelele. Angeke likwenze."

114 Yilokho abakushoyo namhlanje. "Lokhu lapha inkolo kaMoya oNgcwele okhuluma ngayo, angeke kube kade, lesosihlahla sizolotha." Kodwa angeke kulothe.

115 O, u—umlilo uyasinisela kuphela. Usinikeza ithemba elisha kuphela. Kuyakuqinisa kuphela—kuphela; sonke isivivinyo, ukuhlolwa. Njalo uma umoya ushaya isihlahla futhi usisunduzela emuva naphambili, nasemuva naphambili, uxegisa kuphela izimpande ukuze zizokhula zigxile kakhudlwana futhi zithole ukubamba okungcono. Njalo lapho ukugula kushaya ikhaya lakho, njalo uma ukuvivinywa kushaya ikhaya lakho, njalo uma omakhelwane besho into embi ngawe, iyakunyakazisa kuphela, ikuxengise, ukuze uzoshona phansi futhi uthole ukubamba okungcono eDwaleni laPhakade leZwi likaNkulunkulu iZwi elingenakunyakaziswa. Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Uthumela lezozivivinyo ukukuhlola nokukulinga, ukukunyakazisa nokukunikeza ukubamba okusha.

116 Khona-ke siyathola, lapho esenze konke lokho, abagxeki bama eceleni futhi bathi, "Angeke kusebenze." Kodwa ini na? Umdwebi wamaplani ezindlu wayazi ukuthi ibhuloho lakhe laliyobambelela. Wayazi ukuthi lalizokwenza, ngoba laliyobe lihloliwe.

117 Yingalesosizathu uNkulunkulu athi, "Ngizoba neBandla elingenasisihla nambimbi." Amen. Wayedlule ekuhlolweni. Futhi wonke umntwana oza kuNkulunkulu ufanele ahlolwe.

118 Ngalolosuku olukhulu lwesikhumbuzo, ngenkathi babezo, ngenkathi izinhlangothi zombili seziqaliwe kusukela ezinhlangothi zombili, lapho zihlangana maphakathi kwetheku, indoda eyayilakhile, yathi, "Angizikucela muntu."

119 Bonke abadwebi bamaplani ezindlu bama bazungeza, bathi, "Kothi nje noma yikuphi ukungqangqazela kungashaya lelobhuloho, lizoshona phansi ngqo. Lizoba yingozi." Ayikho inkampani yomshwalense ebingamnika umshwalense kulo.

120 Wayengadinge mshwalense. Wathi, "Ibhuloho lami lizobambelela." Wayenokuzethemba. Manje, ufanele alihlole, ngoba udumo lwakhe lusengozini. Impela, kunjalo. Futhi uma like labambelela, kuzoba yisikhumbuzo.

121 Yingalesosizathu ngazi leyo yakudala, Nkulunkulu, insindiso ezwakale enhliziyweni izobambelela: udumo lukaKristu lukuyo. Angeke asinike okuthile ukwakha iBandla ngakho, hhayi isayensi yezenkolo eyenziwe ngumuntu, hhayi phezu kwesipiliyoni sasesikoleni, noma akhe ikholiji elithile njengoba bebefuna, kulokhu ukusa, ukufundisa abashumayeli. Umshumayeli wangempela uvela ekholiji lomusa kaNkulunkulu, ukubiza kukaNkulunkulu, futhi kuhlolisiswe isikhathi eside. Kunjalo. Kuzobambelela. UNkulunkulu uyakwethemba. SiyaMethemba. Ibhuloho liyo . . . Imbongi endala yathi:

> Ihange lami libambelela phakathi kweveyili.
> Kuso sonke isiphepho esiphakeme nesinesichotho,
> Ihange lami libambelela phakathi kweveyili.

122 Asazi ukuthi libambelele kwini, kodwa Okuthile kubambile. Kunjalo. Libambelele okwehange ngaleya esisithelweni. Futhi kukhona intambo yensindiso ebambe inhliziyo yomuntu, ukuthi umuntu owake wazalwa ngokusha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazanga ukumenza akungabaze. Kukhona Okuthile okubambe ngaphakathi lapho. Liyekele liyendezele! Liyekele lizamazame! Amen. Lizobambelela, ngaso sonke isikhathi, ngoba likuJesu Kristu.

123 Khona-ke lendoda yathi, "Angizukucela muntu, kodwa," yathi, "Ngizohamba, qobo lwami."

124 Imeya yedolobha yaphuma futhi yathi, "Mnumzane, impela nginethemba ebhulohweni lakho."

125 Yathi, "Uma unethemba ebhulohweni lami, ngilandele. Kulungile, lihlole."

126 Imeya yathi, "Imoto yami izobe ihlezi lapho ngalokho kusa okuthize. Ngizohamba nawe."

127 Inkampani kaloliwe yashaya ucingo futhi yathi, yashaya ucingo futhi yathi, "Mnumzane, siyalethemba ibhuloho lakho. Sizoba . . . "

128 Yathi, "Uma nilethemba ibhuloho lami, khiphani amakhanda amane ezitimela agcwele, abekeni ebhulohweni. Uma ninokwethemba, ngilandeleni. Uma nikholwa ukuthi lihloliwe futhi lavivinywa, niyalikholwa, wozani, hambani kanye nami."

129 Futhi abaningi babantu bayibhalela izincwadi amaletha, ukubona isibindi sayo. Yilokho abantu abakufunayo abantu abanesibindi, hhayi okuthile okuyintekenke okuncane.

130 Uma ucabanga ukuthi ungazedlulela, ngokuya esontweni futhi uthi "amen" kanye ngankathi, futhi umemeza kancanyana, ufake igama lakho encwadini, futhi ubuyele emuva futhi uphile njengodeveli, imisebenzi yakho uqobo ifakaza lokho oyikho. Isimilo sakho sikufakazisile. Kodwa uNkulunkulu . . .

131 Izwe lifuna ukubona abantu abanesibindi, umuntu othile onesibindi, ozoma qekelele, njengesikhumbuzo somusa osindisayo kaJesu Kristu. Kunjalo.

132 Usuku lapho ibhuloho laqalwa khona, abaningi babo bayabuya, bathi, "Zilungiseleleni. Lungisani amakhamera enu," bona bonke, abantu bezindaba bathi, "ngoba lelobhuloho lizokuwa."

133 Lowomfo osemncane waphumela phandle lapho kulelobhuloho, wabeka imoto yakhe phansi, wabuka emuva phansi, wabona lawomakhanda ezitimela onke eshaye ulayini, wabona imeya imvayizelisa. Wabuka futhi wayebone amashumi ezinkulungwane zabantu abahamba ngezinyawo bemile emuva lapho, belungele ukumasha naye. Wathi, "Shayani ibhendi." Mfowethu, lapho amabhendi edlala, amakhwela ayeshaywa, amacilongo ashaywa eqhubeka, ngiqonde ukuthi kwakukhona ukungqangqazela okwesabekayo. Kodwa wahamba ngqo wawela lelobhuloho, futhi alizange linyakaze. Ngani na? Wathatha indawo engaphambili, ngoba, uma lalizokuwa, makahambe nalo.

134 Futhi uJesu Kristu wafika evela eZulwini, iNkazimulo; evela eNkazimulweni, wehlela lapha, ukuzokwakha iBandla. Futhi impahla yokwakha Ayifaka kuLo, impahla yokwakha ehlolisisiwe isikhathi eside. Ungahle uze e-altare futhi wenze ukuvuma, kodwa lapho Ethola izimbobo zokushaywa kanzima nakho konke okunye, niyabo, izwe—izwe lishaye kanzima izimpethu kuwe, nokunye nokunye, angeke ume. Uvele nje akuphosele eceleni. UNkulunkulu ufuna iBandla elihlolisisiwe isikhathi eside; hhayi umuntu ongumKristu namhlanje nomhlubuki kusasa, ongena ephuma, futhi ehla enyuka. Angeke akubeke ndawo.

135 Kodwa uneBandla elihloliwe, eledlule ezilingweni, ngokulahlekelwa, ngokugula, ngosizi, ngokufa, futhi lisamile nobufakazi. Lowo ngumuntu, yebo, yilowomuntu Amfunayo. Angikhathali uma ungumfokazana. Angikhathali uma

uyisinxibi. Angikhathali uma ungumuntu ocosha izidwedwe azidayise. Noma ngabe uyini, uNkulunkulu uyakuhlola. Ufuna impahla yokwakha ehlolisiswe isikhathi eside. Ngiyakholwa, ngolunye lwalezizinsuku lapho leloBandla elikhulu . . .

136 Ngenkathi, isayensi ithi, "Lingadedela kanjani na? Amandla adonsela phansi akubambela emhlabeni."

137 Manje ngizizwa nginokholo. Ake nginitshele. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kasithupha—Umhl.] Lelo Bandla elihlolisiswe isikhathi eside lizoba khona ngolunye usuku. [Ungqongqotha epulpiti kanye futhi futhi washaya izandla zakhe ndawonye kanye.] Kungahle kube nengxenye yawo elele othulini lomhlaba. Angazi ukuthi akuphi, kodwa uNkulunkulu unayo yonke impahla yaKhe yokwakha ihloliwe yonke. Ngeliny'ilanga Uyeza ukuthatha indawo engaphambili: "Landela Mina!" Kwedlule ngqo emikhathini nongwengwezi lomkhathi, nasezibhakabhakeni nezibhakabhaka, kungene eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla Uzohamba, neBandla elihlolisiswe isikhathi eside. Leso yisikhumbuzo emseni waKhe; leso yisikhumbuzo uNkulunkulu aMnika sona.

138 "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Futhi wonke umuntu oza kuKristu uyisipho sothando esivela kuNkulunkulu, noKristu ubeka kuye ukuhlolwa. Futhi uma ekumela ukuhlolwa, Umbeka ebhulohweni, umbophela phansi, umnikeza isikhundla, futhi umhlalisa lapho, azi ukuthi uzobamba kuze kube sekugcineni komgwaqo. Amen. Impahla ehlolisiswe isikhathi eside!

139 "Phezu kwaleliDwala," hhayi phezu kwedwala elithile lobuhlanya, hhayi phezu kwesigejane samadlingozi, hhayi phezu kwesigejane sesayensi yezenkolo yebandla, hhayi phezu kwehlelo elithile. Kodwa, "Phezu kwaleliDwala eliqinile," iZwi likaKristu, "Ngizolakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Lizoba lapho.

140 Kuzoba yisikhumbuzo somusa waKhe, ebukhoneni beziNgelosi. Ngenkathi iziNgelosi zimbuza, ngeliny'ilanga, "Uyelani emhlabeni na?" Uzobuya futhi ethule leloBandla elingenaphutha, elingenabala, elingenambimbi. Nanso impahla yokwakha. Nanso into. Udumo lwaKhe. Ufanele akwenze. Lowomakhi webhuloho wadingeka akhe ibhuloho; ufanele akwenze, noma alahlekelwe udumo lwakhe. UKristu uzoba neBandla, futhi Ufanele akwenze. Ngoba, Weza emhlabeni futhi waba yinyama, futhi wahlala phakathi kwethu; futhi waba yisono, ukuze thina sibe ukulunga. Uba yithi, ukuze thina, ngomusa waKhe, singaba nguYe. Wafikela ukuzothatha indawo yethu, njengesoni; ukusivumela sibe nendawo yaKhe, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, eBukhoneni boBukhosi baKhe. Umusa kaNkulunkulu onje pho!

141 Besingasho kanjani ukuthi, "LawoMazwi awalungile"? Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa lawoMazwi awasoze adlula.

142 Umfana ongumNdiya oyimpumputhe omncane, ebusukwini obumbalwa obedlule, eyimpumputhe selokhu aba namaviki amathathu—amathathu noma amane ubudala, wemukele ukubona kwakhe, ngokwejwayelekile, futhi uhambe wasuka emsamo. Bekuyini na? Bekuyisikhumbuzo esihlolisiswe isikhathi eside saMandla nomusa kaJesu Kristu. Malibongwe iGama laKhe elingcwele!

143 Esihlolisiswe isikhathi eside! Izilingo, izinkathazo, ukuzamazama, nokudonsa, kungokokuthola ukushaywa kanzima kuphela kuwe, ukubona ukuthi kukhona noma yini lapho. NguNkulunkulu okushukumisayo futhi ekukuvivinya.

144 Esikhathini esithile esedlule, uKesari Augusta omkhulu, emva kwempi enkulu edumileyo, futhi wayenqobe ukunqoba okukhulu, yena . . . babezomnika umkhosi eRoma. Futhi wathi kubo, "Ngifuna umuntu othile agibele, indoda efanelekile, ukuba igibele eceleni kwami ngenkathi ngisenza lokhu." Wathi, "Ngifuna indoda ethile yabelane nami lezizibusiso." Futhi yonke i . . . Kwadabula amakamu. Zonke izikhulu zalungisa izidlodlo zazo, futhi zapholisha izinkemba zabo, futhi zenza izikhali zazo zakhanya ngempela, futhi yonke into, futhi zazijwayeza ukuma ziqonde, futhi isaluthe ethize enkosini yazo, nokunye nokunye.

145 Futhi ngasinye sakhuphuka, isikhali sazo esikhulu phambi kwakhe, ngenkathi ehlezi lapho esihlalweni sakhe sobukhosi, ebuka. Futhi nakho kukhuphuka, isikhulu nesaso esikhulu, isidlodlo esihle, unqenqema nje lophaphe, sama senza isaluthe saso. UKesari wanikina ikhanda; sasuka sahamba. Esinye siyakhuphuka, senza isaluthe yaso. UKesari wanikina ikhanda; futhi sasuka sahamba. Isikhathi emva kwesikhathi, isosha emuva kwesosha.

146 Ekugcineni, ezansi le emgqeni, kuza indoda ehamba ngezinyawo encane. Yayingenaso isihlangu ukuba isipholishe, kanjalo futhi yayingenaso isidlodlo ukuba isilungise. Kodwa yenyuka phambi kukaKesari. Yayingakwazi ngisho ukwenza uhlobo lwesaluthe olukahle, kodwa yavele yakhothamisa ikhanda layo futhi yasuka yahamba.

147 UKesari wathi, "Awume kancane. Ungubani wena na? Buya uze lapha." Yenyukela lapho. Wayibuka. Kunezibazi ebusweni bayo bonke, nokusikeka, nokonakala ubuhle, nokukhubazeka. Wathi, "Uzitholephi lezozibazi na?"

Yathi, "Phandle empini, ngilwela inkosi yami, uKesari."

148 Wathi, "Khwela lapha futhi uhlale phansi eceleni kwami. Nguwe lowo ohloliwe futhi wavivinywa."

149 Mfowethu, akusona isikhathi sokulungisa isidlodlo, akusizo izinsuku zemfundo. Yisikhathi sokuhlola. Yisikhathi lapho

uNkulunkulu ehlola khona iBandla laKhe ukuthola izibazi zempi zokulingwa okunzima, nokulwa, nezimpi. Yilowo ozogibela eceleni kwaKhe.

150 U-Elisha wahlolwa kanjani futhi wavivinywa, ngaphambi kokuba afake ingubo ende yomprofethi! U-Elisha wayiphosa kanjani leyongubo ende ehlombe lakhe! Wayengaba umuntu okahle kanjani! U-Elisha wambuka lapho ensimini, lapho ayelima khona. UNkulunkulu wathi, "Yileyo'ndoda. Yileyo'ndoda engagqoka leyongubo. Yileyo'ndoda engagqoka leyongubo ende. Ingayithatha indawo yakho."

151 Malibongwe iGama leNkosi! Iso laYo elibona konke lihamba kanjani phezu komhlaba, lizama ukuthola indoda ethile ezogqoka leyongubo ende Ayekhuluma ngayo. "Ningasiphuza yini isitsha eNgisiphuzayo na? Ningabhaphathiza ngombhaphathizo eNgibhaphathiza ngawo na? Ningakwazi," Washo kulokho.

152 Ngakho-ke, thina, namhlanje, njengeBandla, nifanele nembathe ingubo ende kaKristu; nihlome zonke izikhali zikaKristu, isivikelo sonke nesihlangu, nezikhali, ukuze sime singasoleki ngaloloSuku. Ufuna izikhumbuzo ezihlolisiswe isikhathi eside, njengoba Engathi, "Nansi inceku yaMi. Sengiyihlolile. Ngiyilingile. Ngayidlulisa, njengoJobe. Usafakazisa ikhulu lamaphesenti." Nkulunkulu yiba nomusa kithi, ukuthi singathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi kube izikhumbuzo ezihlolisiswe isikhathi eside.

Asikhuleke.

153 Baba obusisiwe, siyaKubonga, Nkulunkulu oNgcwele kaKhulu, ngokusuka ekujuleni impela kwezinhliziyo zethu, ngesikhathi sokuhlolisisa, konke ukulingwa. Asizizwa kabi ngazo, Nkosi, kodwa siyabonga ukuthi umusa waKho wawenele ukusisiza ukwedlula kulezizikhathi ezinkulu zokulingwa.

154 Njengendoda, kulobubusuku, ukuthi kuzixhuxhumise kanjani izethameli, ngenkathi ibalule *Umusa oMangalisayo,* futhi uma sifika kulelovesi elithile.

> Ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
> Sengivele ngedlulile;
> Ngumusa oze wangifikisa lapha,
> Ngumusa ozongiyisa phambili.

155 O, kuxhuxhumise inhliziyo yabantu! Siyakholwa ukuthi bekusemgqeni noMlayezo kulobubusuku, ukuthi bekuyisikhathi sokuhlolisisa, ngezingozi, izinkathazo nezihibe. Bekungokokusiza umKristu, lowo ozihlolile yena uqobo manje nokwazi ukuthi umile ethembekile, ngomusa kaNkulunkulu. Bekungokokuletha ihlazo kulabo owile, nokwehla nokwenyuka, nokunganaki, nokukhulula ukuphila. O Nkulunkulu, akukho ngisho isibazi sempi ukukhombisa impi. Siyakhuleka kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Uzongcwelisa iBandla, ngeGazi

laKho elikhulu elingcwele, futhi uhlanze konke ukushaywa kanzima, nazo zonke izindawana ezibuthakathaka, na—nayoyonke imicwana engcolile. Kudlulise emshinini futhi, no—nokuphinda ukungcangcathe kuphume, Nkosi, futhi—futhi kwenze impahla yokwakha. O Baba waPhakade nobusisiwe, yizwa umkhuleko wenceku yaKho.

Futhi sisakhothamise amakhanda ethu.

156 Uma bekungaba khona umuntu onjalo lapha kulobubusuku, obengezwa ukuthi uNkulunkulu, kulezizikhathi zokuhlola, akakaze akuthole uthembekile endaweni yomsebenzi. Lapho ukuphikisana kuqubuka, noma ngabe ugxumela phakathi ngqo futhi uhlanganyele nabo na? Lapho izingxabano ziqubuka, lapho ukunganaki, lapho imehluko ebandleni ufika, ngabe uchema nezinkoleloze nabacwasanayo, nokunye nokunye kanjalo na? Ngabe ulalela ukuhleba emigwaqeni nangasezindaweni na? Uma unecala lalokho, ushayisiswe kanzima ngokushaya kanzima kukadeveli, asibuyele emuva esithandweni, kulobubusuku, futhi siphinde sincibikaliswe, futhi siphume ngaphandle kwakho kithi. Makuthi uNkulunkulu asikulufelele phansi futhi asilungiselele leliBhuloho elikhulu ukuthatha uHlwitho lwaLo. Uma umuntu onjalo elapha, futhi engathanda ukukhunjulwa!

157 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngingazi kanjani ukuthi lesi esingafi, isikhumbuzo saPhakade sizokuma na?"

158 Ngizonicaphunela iZwi laKhe, ngokukaJohane 5:24. "Ozwa iZwi laMi." (Hhayi "Oya esikoleni saMi.") "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayi ekwahlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

159 Niyalizwa iZwi laKhe linibiza, kulobubusuku na? Uma nilizwa, futhi nithanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ungasiphakamisa isandla sakho. Uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele nje. Ngifuna ukuba uhlobo olufanele lwempahla, ukuthi lapho uKristu ekhipha iBandla laKhe, ukuthi angeke ngibe . . ." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. "Angeke ngizanyazanyiswe ngakho, Uzongibeka ngqo eBandleni." UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. "Ngifuna ukuba . . ." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. "Ngifuna ukuba uhlobo olukahle lwempahla." UNkulunkulu akubusise, omncane emuva lapho. UNkulunkulu akubusise ngapha, mfowethu othandekayo. "Ngifuna ukutholwa njengempahla yokwakha yangempela. Ngifuna ukwazi ukunikeza ubufakazi bokuthi ithemba elinjani elilele kimi; ithemba!" UNkulunkulu akubusise, dade. Kuhle lokho. Kulungile.

"Kwenzani, Mfowethu Branham, ngokuphakamisa izandla zami na?"

160 Uyadlula ekufeni uye ekuPhileni. Yilokho okwenzayo. Wephula wonke umthetho wamandla adonsela phansi, khona lapho. Uyabona, uma nje uyisithombe esibunjiwe uhlezi lapho, ubungeke neze usiphakamise isandla sakho. Ubungeke ukwenze. Kodwa kukhombisa ukuthi kukhona umoya kuwe, umoya, futhi lowomoya uwuzwile uMoya kaNkulunkulu ukhuluma nawe. Futhi lowomoya ongaphakathi kuwe wenze isinqumo, ngakhoke ushaya indiva isayensi. Ushaya indiva amandla adonsela phansi. Siyaphakama, ukhombisa ukuthi kunomoya kuwe, ungaphakamisa isandla sakho. Uma ubufile, ubungekwenze, kodwa uza ekuPhileni. Into ethize yenzekile.

161 Uma ufile esonweni nasesiphambukweni, uNkulunkulu angeke esaphinde akhuluma nawe, isandla sakho sizokwehlela phansi. Uma ungafile esonweni nasesiphambukweni, futhi uNkulunkulu angakhuluma nawe, futhi wemukele ukuPhila, uzophakamisa isandla sakho. Niyabo, kukhombisa ukuthi ukuPhila kwenze isinqumo, wemukele uKristu. "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni," uma ukuqondile.

162 Kusho ngokuqonda manje, njengoba uphakamisa isandla sakho. Uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, ngenze ngibe yilokho ebengifanele ngibe yikho. Futhi ngizoKukhonza yonke impilo yami. Ngifuna ukutholakala ngilungele ngalolosuku." Isibusiso kuwe, mfowethu othandekayo emuva lapho. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. UNkulunkulu akubusise, lapho mfo-. . . uNkulunkulu abe nawe. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Kulungile, omunye futhi. UNkulunkulu akubusise wena lapha, Mfowethu Roy, futhi iNkosi ibe nawe. Yebo. "Nkosi, ngithole ngifanelekile. Ngithole ngifanelekile." UNkulunkulu akubusise, mfowethu emuva le. Impela, uNkulunkulu uyakubona. Jabulani. Omunye futhi ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni manje na? "Ngenze. . ." Kulungile. Asi. . .

